

“Ukugcotswha okuseqinisweni akukhona ukugcotswha... uza lapha nje wena ungivumele ukuthi ngikulekelele ukuthi uzilekelele. Angizelanga ukuzokwenza ukuthi nibe ngabalandeli.. ngizonilekela ukuba nibe ngama Masters.”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Wonke umuntu useyakwazi ukujula ngengqondo - meditate - kodwa ingqondo niyijulisela ezintweni ekungezona. Abanye abantu bayijulisela emantombazaneni amahle, abanye emalini, abanye emabhizinisini. Ngaso sonke isikhathi uma unaka ngokugcwele, ngenhliziyo yakho yonke ubhekise entweni eyodwa, yilokho-ke ukugxila ngengqondo. Nginaka kuphela aMandla angaPhakathi, ububele, uthando, nesihawu sikaNkulunkulu.”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Ukugcotshwa kusho ukuqala impilo entsha yohlelo olusha. Kusho ukuthi uMaster usekwemukelile ukuba ube ngomunye wabantu abasesigungwini sosanta. Ngakho-ke, awuseyena umuntu nje ojwayelekile, usukhushuliwe. Ezikhathini zakuqala, babethi uku “Bhabhadisa” noma Ukuthola ukukhuseleka kuMaster”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~

UKUGCOTSHWA: INDLELA YE QUAN YIN

UMaster Ching Hai ugcoaba abantu abaqotho abanesifiso sokwazi iQiniso, nge Ndlela ye Quan Yin. Izimpawu zesiChina “Quan Yin” zisho ukucabanga ngemvunge evevezelayo - sound vibration. Loluhlelo luhlanganisa nokulula ngengqondo - meditation kukona kokubili, ukuKhanya kwangaPhakathi neMvunge yangaPhakathi. Lolulwazi lwangaphakathi seluchazwe emibhalweni eminingi yezomoya ezinkolweni zomhlaba wonke kusukela emandulo.

Uma silinganisa, iBhayibheli lamaKrestu lithi, **“Ekuqaleni kwakungu Lizwi, Ulizwi waye noNkulunkulu, Ulizwi wayengu Nkulunkulu”** (John 1:1) LeLizwi yiMvunge yangaPhakathi. Isike yabizwa futhi ngokuthi yi Logos, Shabad, Tao, Sound-stream, Naam ne Celstial Music - uMculo oNgcwele. Uthi uMaster Ching Hai, **“Uvezela kuyo yonke impilo, yiwo ophase umhlaba wonke namazulu. Lomculo ongaphakathi ungapholisa wonke amanxeba, wenelise zonke izidingo, uqede konke ukoma komhlaba. Unamandla onke unothando. Kungenxa yokuthi sensizwe ngaleMvunge, okubanga ukuthi ukuthintana nayo kulethe ukweneliswa ezinhliziyweni zethu. Emuva kokulalela lemvunge, ubuthina bonke buyaguquka, indlela esibuka ngayo impilo iguqukela ekubeni ngcono.”**

UkuKhanya kwangaPhakathi, ukuKhanya kukaNkulunkulu, yikho lokhu okuqukethwe kuleligama elithi “ukukhanyiselwa”. Amandla

ako angasukela ekukhanyeni kwesiphefu aze afike ekukhanyeni kwamalanga ayisigidi. KungokuKhanya kwangaPhakathi neMvunge lapho siqala khona ukumazi uNkulunkulu.

Ukugcotshelwa oHlelweni lwe Quan Yin akusiyo inkambiso yeqoqwana nje, noma umcimbi wokungena okholweni olusha. Ngesikhathi sokugcotshwa, unikezwa izifundo zokugxila ekuKhanyeni okungaPhakathi neMvunge engaphakathi, bese uMaster Ching Hai anikeze "Ukuthunyelwa koMoya" Lokhu kuzwa ukuBakhona okuNgcwele kunikezwa ngokuthula. Asikho isidingo sokuthi uMaster Ching Hai abekhona ngenyama ukuze uvulelwe lomnyango. Ukuthunyelwa yiyona ngqikithi yeNdlela (ye Quan Yin). Amasu okwenza ngokwayo awanakubuyisela kakhulu ngaphandle koMusa ka Master.

Ngoba ungase uzwe Imvunge yangaphakathi, ubone nokuKhanya kwangaPhakathi ngenkathi ugcotshwa nje, lendlela kuyaye kuthiwe "Ukukhanyiselwa Masishane" noma "ngokuphazima".

UMaster Ching Hai wemukela abantu abaqhamuka kuyo yonke imikhakha nezinkolelo ukuthi abagcobe. Asikho isidingo sokujika uhlobo lokholo lwakho noma uhlelo lwezinkolelo. Angeke ucelwe ukuthi ube lilunga lenhlangano ethile, noma wenze noma yini engahambisani nendlelayakho yokuphila.

Kodwa-ke, uzocelwa ukuba ungayidli inyama. Isibophezelo sokudla okutshaliwe impilo yakho yonke sidingekile ngaphambi kokuthi ugcotshwe.

Ukugcotshwa kwenziwa mahhala.

Kufuneka umkhuba wokugxila ngengqondo ngeNdlela ka Quan Yin nsuku zonke, kanye nokugcinwa “kwemilayelo eyisihlanu” ngemuva kokugcotshwa, kuphela. Imilayelo yiyona ekusiza ukuthi ungazilimazi nanoma yisiphi esinye isidalwa esiphilayo. Ukulandela imithetho kuzokwenza nzulu futhi kuqinise ukukhanyiselwa kwakho kokuqala, bese uya ngokufinyelela ezingeni eliphezulu loku Yuswa kabusha noma i-Buddhahood. Ngaphandle kokusebenza zonke izinsuku, uyokhohlwa ukukhanyiselwa kwakho bese ubuyela ezingeni lakho elijwayelekile lokwazi.

Inhloso kaMaster Ching Hai ukusifundisa ukuthi sikwazi ukuzimela, Ngakho-ke. Ufundisa iNdlela engenziwa yinoma ngubani eyedwa, ngaphandle kwempahla eningi, Akafuni balandeli, abakhonzi noma abafundi noma ukwakha inhlango enobulungu obukhokhelwa imali. Ngeke ayemukele imali, ukuthandazwa, noma iziphokwena, ningamniki lezizinto.

Uyokwemukela ukuba gotho kwakho empilweni zonke ~~zinsuku~~ nomkhuba wakho wokugxila ngengqondo meditation ukuze ukwazi ukuqhubekela ekubeni ngusanta.

IMIYALELO EYISIHLANU

1. Ungayithathi impilo yezidalwa ezinemizwa*
2. Ungakukhulumi okungamanga.
3. Ungayithathi into ongayinikezwanga.
4. Ungaziphathi kabi ngokobulili.
5. Ungazithathi izidakamizwa.

*Ukugcinwa kwalomlayelo kudinga abadla izitshalo kupela noma abadla izitshalo nobisi kanye nemikhiqizo yalo